# USARS UQINISEKISA IZINYATHELO ZOMTHETHO

**27 Nhlolanja 2024 -** UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (i-SARS) uMnu Edward Kieswetter lapha uqinisekisa ukuthi uSARS usuthathele izinyathelo zomthetho i-Sasfin Bank, njengoba kudaluliwe esimemezelweni se-SENS esikhishwe yi-Sasfin Holdings Ltd mhla zingama-27 kuNhlolanja 2024.

USARS wenze uphenyo olunzulu kubakhokhintela abehlukene baseNingizimu Afrika abangazange badalule ngokweqiniso nangokunembile intela yabo kwaSARS. Uphenyo luveze ukuthi abakhokhintela bahlangane ngokuthumela imali kwamanye amazwe angaphandle ngendlela eyenza umkhondo wayo ungalandeleki bese kulimaza ukutholakala kwentela eNingizimu Afrika.

UKhomishana uthi akufanele ukuphawula ngombuzo wesikweletusibopho nokunxeshezelwa ngokulahlekelwa kwesikhwama semali, ngoba lolu udaba oseluphambi kohlelo lomthetho eNingizimu Afrika. Ngenxa yalokhu osekwenzekile, uSARS akukho okunye ukuphawula osazokwenza.
UKhomishana ufisa ukuqinisekisa ukuzinikela kwakhe kokulandelela ekuphoqelelweni komthetho nasekubuyisweni kwentela ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukuchema ngenhloso yokugcina isithunzi sezimali zohlelo lwentela yaseNingizimu Afrika.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za